



INKULUMO YENHLOKO YOMNYANGO WEZOKUTHUTHA KWAZULU-NATAL UMNUZ CHRIS HLABISA ENKONZWENI YOMNGCWABO EVRYHEID MHLAKA 23 FEBRUARY 2008

Ngibanibingelela nonke

- Ukuhlangana kwalolu hlobo, kuba ngeminye yemizuzu ebuhlungu kakhulu kithina njengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal.
- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uqalise ngemikhankaso yezokuphepha ngaphansi kwesiqubulo esithi “Yenza Okufanele, Just do Right”. Lesi siqubulo sethu sihambisana nenkolelo yethu yokuthi okusempeleni izingozi zibangelwa yiphutha lomuntu futhi zisuke zingagwemeka.
- Siyazi sonke ukuthi ijubane, ukushayela uphuzile, ukukhathala, ukusika okungaphephile, ukungahloniphi izimpawu zomgwaqo, ubudedengu, ukuwela umgwaqo kungaphephile, ukungashiyi ibanga elanele lokulandelana, ukuphuza uhambe ngezinyawo emgwaqeni, ukunganakekelwa kahle kwemoto nokunye kungezinye zezimbangela zezingozi.

- Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- Ngithanda ukuxwayisa okhanda limtshelokwakhe emgwaqeni ukuthi izinto zizoshintsha kakhulu kulo nyaka. Njengoba sigubha iminyaka eyishumi kwaqala umkhankaso ka-**Asiphephe** owasungulwa ngo-1998. Sizoyiqinisa kakhulu imikhankaso yezokuphepha emgwaqeni unyaka wonke. Asidlali uma sithi unyaka wonke.

- Sizozalisa nangohlelo lokuthatha amaphuzu elayisensi kwabaphula umthetho kulo nyaka wezimali. Sizozidla kancane kancane izincwadi zenu zize ziphele nya.

- Sifisa ukududuza imindeni yalaba abasishiyile:
 - Nomfundo Zulu (10 years)
 - Mbekiseni Zulu (31 years)
 - Gugu Ngema (27 years)
 - Phumlani Vilakazi (37 years)
 - Senzo Mtshali (25 years)

- Sengiphetha, sihlale sisho ukuthi njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukulekelela imindeni ngalezi zikhathi ezinzima.

- Sisangawenza umehluko emigwaqeni yethu, uma sibambisana siqaphele indlela esenza ngayo izinto. Njengabashayeli kumele siqaphele ikakhulukazi uma siphethe eminye imiphefumulo yabantu. Njengabagibeli kumele sihlale siqwashile ukuthi sihamba ngokuphepha nangokusemthethweni, singazifaki ezimweni eziholela ekuhlukumezekeni. Masihloniphe imithetho yomgwaqo “SENZE OKUFANELE”

Ngiyabonga.